**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Izimpendulo mazihambisane nemibuzo zingaxovwa.
- Fundisisa umbuzo anduba uwuphendule.
- Ukubhala ngobunono kuyaziswa kakhulu.

---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1
### Isivivinyo Sokuqondisisa

1.1 Funda indaba elandelayo bese uphendula imibuzo.

**Izidakamizwa**

UKabelo Mabelane ungumculi weKwaito. Usemncane kabi kodwa usedlule ezintweni eziningi empilweni yakhe. Wafunda eSt. Stithians College eGoli. Ungumculi oseshise izikhotha. 1

Abalandeli bakhe abaningi bebemazi njengomculi ongenandaba, owenza noma yini nanoma ngasiphi isikhathi. Kuye kwavela-ke ukuthi konke lokhu ubekwenziswa ngukuthi ubengeyedwa sonke lesi sikhathi. Kuvele ukuthi ubeshukashukeka izidakamizwa. Zicishe zabulala ikusasa lakhe. Wasizwa yikhona ukuthi ayithungele ebandla le ndaba. Nakuba uyakhuluma namhlanje kungenxa yakho ukuthi akafelanga phakathi. Usendleleni yokululama. 2

UKabelo waqala nje ezibhemela ugwayi nabangane bakhe. Ngaleso sikhathi bona babebona be-‘cool’. Abazange bacabange ukuthi ukubhema lokhu kungabenza bagcine sebeyizigqila zakho. Ngabe kungcono ukuthi bama lapho. Badlulela phambili. Kwaba yinsangu, i-ecstacy, i-cocaine ...... kude kude! 3

Ukuthatha lezi zidakamizwa kwakufana nokuphuza amanzi nje kuyena. Phela wayenemali ngoba umsebenzi wawuza kahle. Lokhu kwaphenduka isinkwa semihla ngemihla. Wayengaboni lutho oluphambene kulokho ngoba bonke **babemdibi munye**. 4

UKabelo **wangena shi** obishini yize yena wayengaboni ngaleso sikhathi. Kuyena kwakumnandi. Wayezibona eseyinkosi uma esethathe izinto zakhe. Wayezizwa engaphezu kwawo wonke umuntu. Wayezizwa enamandla ebhubesi. Wayeba yisilwane uqobo. Umoya ayezizwa enawo **kwakungowabangasekho**. 5

Wayezizwa ephansi uma engazithathile izidakamizwa. Wayezwa sengathi ufelwe yizwe. Wayeba nenkulu inzondo. Yize izinto zazimhambela kahle kuwo lo mculo yena wayezibona egida ndawonye. Uma ezocula kwakufanele adle le mihlola. Wayengasakwazi ukwenza lutho engadlulanga khona. Wayezimbela ithuna nsuku zonke. 6

Waqala waba nezinkinga eziningi. Imali yayihambisa okwamanzi. Uthi uma ecabanga ingaphezulu kwesigidi imali ayilahla ngezidakamizwa. Akabange esakwazi nokuqamba izingoma ngoba wayesehlala ekwelinye izwe. Wayephuma emaphepheni mihla namalanga. Konke ayevela ngakho kwakubanga amahloni kuye. Wayesehlanya uqobo lokuhlanya. 7

Kulapho anquma khona ukuthi ahambe ayofuna usizo. Kwakungekho ukuya ngokunye. Wazidalula ukuthi useyisigqila sezidakamizwa. Uthi kwakungelula kodwa namuhla uyajabula ngoba wakwenza. 8

Umuntu owahlukumezeka kakhulu ngunina. Akazange amangale nokho ngoba wayesevele esebona ukuthi kukhona okushaya amanzi. Unina akazange amlahle. Waba naye kwaze kwaba sekugcineni. Yingakho ebona kahle ukuthi ngeke esabuyela kulesiya simo ngoba uyobe usembulala okwesibili. 9

"Iseluleko sami kwabanye abanenkinga efana neyami ngukuthi mabafune usizo ngoba ukugula lokhu. Akulula neze kodwa ekugcineni uyawuzuza **umqhele**," kusho uKabelo. Kuhle ukuthi ungabe usahlala nabantu abathatha lezi zidakamizwa ngoba bangaba yisilingo esikhulu kuwena. Yibo uqobo abakutshela ukuthi le nto oyenzayo awuyazi, uziphuthisela ngobumnandi." 10

Weluleka abantu ngokuthi, "Abantu bangazilokothi lezi zinto **ZINGUMBULALAZWE**. Ngakusasa ube sewuwedwa abangane bengasekho." 11

Imibuzo

1.1.1 Wayefundaphi uKabelo ngesikhathi eqala ukubhema? (1)

1.1.2 Ucula hlobo luni lomculo uKabelo? (1)

1.1.3 Yimuphi umusho **(esigabeni 1)** ositshela ukuthi uKabelo usezingeni eliphezulu kwezomculo? (1)

1.1.4 Yini le eyayidliwa nguKabelo eyacishe yamenza walahlekelwa ikusasa lakhe? (1)

1.1.5 Wenzani uKabelo le eyamsiza ukuthi aphume kule nkinga? (1)

1.1.6 Kungani umbhali ebiza izidakamizwa ngobhubhane? (1)

1.1.7 Obani laba abangasekho okukhulunywa ngabo endabeni? (2)

1.1.8 Bhala izinkinga ezimbili uKabelo aba nazo ezazidalwa ukuthatha izidakamizwa (esigabeni 6). (2)

1.1.9 Wena ucabanga ukuthi bonke abazali kumele benze njengoba kwenza umama kaKabelo uma abantwana banezinkinga? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.10 Bhala izeluleko ezimbili uKabelo azinika abantu abanenkinga yezidakamizwa. (2)

1.1.11 Qondanisa **u – A no – B**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 1 | Babemdibi munye naye. | A. | Wayesesola ukuthi kukhona okungalungile. |
| 2 | Wangena shi obishini | B. | Uyophumelela ngokuhamba kwesikhathi. |
| 3 | Wayeyisigqila sale nto. | C. | Wayengasaziphathele impilo yakhe. |
| 4 | Kukhona okushaya amanzi. | D. | Nabo babefana naye. |
| 5 | Ekugcineni uyawuzuza umqhele. | E. | Wayesephakathi kule nkinga. |

(5)

1.1.12 Esigabeni 5 kukhona umusho **oyisingathekiso**. Bhala lo musho onalesi sifenqo. (1)

1.1.13 Endabeni thola amagama **asho okufanayo** nalawa adwetshelwe kule misho engezansi.

a) Kuyinto enhle ukuthi **<u>uziveze</u>** uma unenkinga. (esigabeni 8)
b) Ukwenza into enje kufana nokuthi uzilungiselela **<u>igodi</u>**. (esigabeni 6)
c) Abantu abaningi bayawathanda **<u>amaculo</u>** kaKabelo. (esigabeni 7) (3)

1.1.14 Bhala igama elisesigabeni 11 elisikhombisa ukuthi izidakamizwa ziyinkinga ezweni lethu. (1)
**[24]**

1.2 Funda nansi inkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo

**Ngubo Yami**

Bangigcona ngawe ngithule,
Ngedlule bakuhleke
Ngiphenduke bansinsitheke
Kepha ngichiz'ukotshi
Ngoba uyingubo yami
Ingubo yokuphela qhwaba.

Bakithi ngithanda yona ingubo yami,
Engiyigqoka kukhulum' abantu,
Ngize ngikhumbule ubuluhlaza bendoni,
Phela uyiyona.
Yona elal' ilinde ukudunyisw' ubuhle
Ngoba iyazi
Akekh' oyoyiphuc' ubuhle
Uma ngikuncoma
Bayabaleka ngubo yami.

Ngiyayibon'imibala yemvelo iyaphupha ......,
Kepha wena ngubo yami awushi,
Ngoba owakho umbal' awubaleki,
Ungumhlobisi ohlobisa' izimpofana zendalo.

S.J. Ncongwane

Imibuzo

1.2.1 Ubani le mbongi ebhale le nkondlo? (1)

1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe kule mibuzo elandelayo:

1.3.1 Ukuthi le ngubo iyindoni kusho ukuthi umuntu usuke enobuso ______.

A. obumnyama obubushelelezi.
B. obuhle nje.
C. obufana nobendoda.
D. bentombazane.

1.3.2 Umbhali akanayo enye ingubo ngoba uthi _______.

A. kepha wena ngubo yami awushi.
B. ingubo yokuphela qhwaba.
C. bayabaleka ngubo yami.
D. ngoba uyingubo yami.

1.3.3 Uma abantu bekugcona basuke _________.

A. bedlala ngawe.
B. bengathandi into yakho.
C. beyithanda ingubo yakho.
D. bekuhlupha befuna ukhumule.

1.3.4 Ingubo akhuluma ngayo umlobi iyini lapha kule nkondlo?

A. isembatho sokulala?
B. isikhumba sakhe?
C. isembozo esiyikhasi lomdoni?
D. ingubo esiyigqokile? (4)

1.4 Phendula ngo- **Yebo** noma ngo- **Cha**.

1.4.1 Umbhali uthi kwenzeka iphutha ngokuthi abemnyama.
1.4.2 Umbhali ukhuluma nengubo yakhe.
1.4.3 Isikhumba sakhe sinezinduna.
1.4.4 Ingubo yakhe ishintsha imibala.
1.4.5 Ingubo yakhe itholwa abantu abathile.
1.4.6 Umbhali uyaziqhenya kakhulu ngengubo yakhe. (6)
**[11]**


**IMIKLOMELO YESIGABA A: [35]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

2.1 Fingqa le ndatshana engezansi ibe ngamaphuzu ayishumi kuphela. Uyacelwa ukuthi uyibhale ngawakho amagama nokuthi ungaguquli umqondo wendaba.

**KUGCWALE KWESWELEKA INDAWO YOKUHLALA KUKHETHWA UNOBUHLE**



BEBETHELEKE ngezinkani abantu abathanda intokozo emncintiswaneni ophambili wonobuhle, u"Miss Nivea Teenage" obuseMalibu Hotel eThekwini ngomGqibelo. Bebebahle abantu ngiyakutshela wena. Beswenke beconsa, bebonakala emehlweni ukuthi beze ngo"dli", bazodla izimali zabo. Kuwine lapho uNokwazi Nkosi waseThekwini.

Lo mncintiswano ukufakazele nokuthi abantu kabakunqeni ukukhokha imali eshisiwe, inqobo nje uma bekhokhela into ephilile.

Kugcwale kulo mcimbi ngendlela yokuthi abantu abaningi bagcine beswele indawo yokuhlala, enye inqwaba yaxoshwa emnyango phezu kokuba bekunezihlalo ezingu-550 kuleli holo kukhokhwa u-R33 umuntu emnyango.

Nezinga lalo mcimbi liphumelele ukufinyelela eqophelweni ebelilindiwe, noma kube nezihibe lapha nalaphaya.

Ngaphandle kokuncintisana kwezintokazi ezingu-16 ebeziwamele onke amagumbi eSouth Africa, izethameli zizitike nange-fashion show ecokeme, ebekukhangiswa kuyo ngezingubo zesinye sezitolo ezaziwayo kuleli kwabuye kwakhangiswa nangengqephu yesiNtu ethungwe e-factory kaRejoice Mcoyi eHammarsdale.

Phezu kwalokhu abantu babuye bazicima ngomculo oseqophelweni elicokeme kakhulu ababewuphakelwa yi-Limited, ekudlala kuyo abaculi abahlonishwayo be-jazz abangu-15 sebebonke.

Leli qembu libuye laphelezela ngezinsimbi isihlabani sentokazi, u-Abigail Kubheka

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C

### Uhlelo nolimi

### UMBUZO 3

Funda lesi sigaba bese uphendula imibuzo elandelayo:

Abazali abaningi bazikhulisa kanzima izingane zabo. Kuyaye kube nzima kakhulu uma ungumzali ongasizwa muntu. Ukukhulisa ingane wedwa akuwona umdlalo. Konke kusuke kubheke wena. Uma kunemidlalo esikoleni noma kudingeka kufike umuntu esikoleni akekho okwenzela lokho. Nguwe uqobo okumele ugijime.

Phezu kwalokho umntwana uba yinkinga. Noma ungamkhombisa ukuthi uyigugu kangakanani kuwe. Ufuna lokhu nalokhuya. Kwesinye isikhathi ufisa sengathi ngabe kukhona ubaba uma ungumama noma ufisa umama uma ungubaba.

Bheka nje unina kaSindi! Uthwele kanzima. Mina ngiyamzwela ngoba noSindi akanandaba nonina, yize ezikhandla kangaka. Wenza sengathi unina uphilela yena, kuphela. Uma efuna ukuyodlala umama wakhe kumele ayeke akwenzayo. Usho kahle ukuthi kuyilungelo lakhe ukuthi ahanjiswe.

Mina ngiyaye ngimtshele ukuthi le nto ayenza kunina uyoyizwa naye uma esekhulile esenezakhe izingane.

*Lumka Mtolo*

3.1 Hlanganisa nansi imisho ngezihlanganiso ezifanele.

Umama wakhe wenza konke.
Umama wakhe ufuna ukumbona ejabulile. (1)

3.2 Esigabeni 2 igama elisebenze lachaza **into oyithandayo kakhulu**. Lisebenzise emshweni leli gama kuvele enye incazelo yalo ehlukile kule esendabeni. (2)

3.3 Lungisa izenzo ezikubakaki lapha ngezansi:

Ukuba **(–azi)** ukuthi umama wakhe **(-shona)** ngabe akamhluphanga kangaka. Bheka manje **(- sola)** ngento ayenza. (3)

3.4 Bhala lo musho ube yinkulumo-mbiko.

"Ngiyawuthanda umdlalo wami webhola," kusho ubaba kaSindi. (3)

3.5 Bhala lo musho ongezansi ube sebunyeni:

Abantu abakhulisa izingane kanzima abakutholi ukubongwa. (½x4=2)

3.6 Uma bewungabhala lawa magama ngokulandelana kwezinhlamvu zawo, yiliphi igama obungalibhala ekugcineni?

yayizifela, yayidansa. yathukuthela, yahamba. (1)

3.7 Uma lokhu okulandelayo kwakuyimpendulo kaSindi kungabe wayembuze umbuzo othini uLumka?

Lo mdlalo yiwona owabulala umama. (2)

3.8 Bhala kabusha lo musho uqalise ngamagama adwetshelwe.

3.8.1 Umama uyajabula uma engibona ngidansa kanje **kusasa.** (1)
3.8.2 USindi udlala **ibhola lomnqakiswano**. (1)

## UMBUZO 4

Kulezi zihlanganiso ezingezansi khetha esisodwa ugcwalise lowo nalowo musho ngesihlanganiso esifanele:

**[ukuba, yize, futhi, mhlawumbe, lapho, ngoba]**

Umama uyeke ukusebenza 4.1 __________ efuna ukusiza abantwana abangenabazali. Uthenge ikhaya elikhulu 4.2 ________ ezobahlalisa khona. Ngabe uqhubeke wasebenza 4.3 _________ beyingamkhathazi le nto. Uyehla uyenyuka ufuna imixhaso. Uthi 4.4. __________ kunzima angeke alilahlile ithemba. Umsebenzi wakhe unzima 4.5 ___________ kuzolunga ngokuhamba kwesikhathi. **[5]**

## UMBUZO 5

Shono ukuthi umuntu okhuluma kanje usuke ezizwa enjani?

5.1 Wangishiya ngedwa umama wami, ngizoba yini!

5.2 Ngcingci, usisi uthole ingane yomfana!

5.3 Nx! Uyedelela wena. **[3]**

## UMBUZO 6



BONA ZULU - May 2003 111

Pheqa ikhasi

6.1 Bhala amazwi kaShoti akule khathuni akhombisa ukuthi uyazithanda. (1)

6.2 Bhala igama lesiNgisi ekuthathelwe kulona leli gama ilokishi. (1)

6.3 UShoti umuntu wamahlaya. Bhala amazwi awashoyo afakazela lokhu. (2)

6.4 Thola igama elisekhathunini eliphikisana negama: intombazane. (1)

6.5 Phinda ubhale lo musho ulandule. Kungcono ngoba ugijimisa okwehhashi. (1)

6.6 Uma umuntu kuthiwa ugijimisa okwehhashi usuke egijima kanjani? (1)

6.7 Zibizwa ngokuthini izinkomo ezikhokhwa uma kulotsholwa intombazane? (1)

6.8 Shono ukuthi yisiphi isisho kwezilandelayo esichaza kahle isithombe sokugcina sekhathuni:

ukucela amehlo?
ukucela inselele?
ukucela empunzini? (1)

6.9 Bhala phansi isenzo esikukhathuni esimumethe impambosi yokwenzisa nesenzo esimumethe impambosi yokwenzana. (2)

**[11]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C : [35]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**